



You can read anywhere!

May is Get-Caught-Reading Month! It's the month when we remind ourselves and others that reading is part of our daily lives. Reading for pleasure is something we can do anywhere and anytime!

Here are some ideas that communicate the "reading is part of our lives" message for you to try out this May.

SPEND JUST 15 MINUTES A DAY READING STORYBOOKS ALOUD TO YOUR CHILDREN.

- ★ Make it a relaxed and enjoyable time. When your children realise that stories can be found in books, they will try to read for themselves. Good readers at school are often the children who read at home with family and friends.
- ★ Many parents and grandparents set aside a special time every day to read to their children or grandchildren. They often choose to do this at bedtime, but some children may find it easier to concentrate at other times of the day. This month try reading together at different times of the day, as well as at your usual time. For example, you could try reading to your children when you get home from work, after bath time, immediately after supper, or first thing after you wake up over a weekend!

WHAT IS THE MOST UNUSUAL PLACE YOU CAN THINK OF TO ENJOY A BOOK?

- ★ This month try reading to your children in different places. Read to them on the way to school in the taxi or bus, or when they are in the bath. Over a weekend, when you have more time, go for a walk together in a park, at the beach or in the mountains, and take some books and a blanket with you. As you walk along, look out for a nice reading spot – then settle down on the blanket, relax and read!

Ungakwazi ukufunda noma kuphi!

UNhlaba yiNyanga Yokutholakala Ufunda! Yinyanga lapho sizikhumbuza khona nabanye ukuthi ukufunda kuyingxenywe yempilo yethu yansuku zonke. Ukufundela ukuzithokozisa yinto esingayenza noma kuphi noma nini!

Nayi eminye imibono eyedlulisela kuwe umyalezo othi "ukufunda yingxenywe yempilo yethu" ukuthi uyizame ngalo Nhlaba.

CHITHA IMIZUZU EYI-15 NJE NGOSUKU UFUNDELA IZINGANE ZAKHO KUZWAKALE IZINCWADI ZEZINDABA.

- ★ Yenza kube yisikhathi esikhululekile nesithokozekayo. Uma ngabe izingane zakho zibona ukuthi izindaba zingatholakala ezincwadini, zizozama ukuzifundela ngokwazo. Abafundi abahle esikoleni bavamise ukuba yizingane ezifundayo ekhaya nomndeni kanye nabangani.
- ★ Abazali abaningi kanye nomkhulu nogogo babeka eceleni isikhathi esikhethekile nsuku zonke ukuze bafundele izingane noma abazukulu babo. Imvamisa bakhetha ukukwenza lokhu sekuzolalwa, kodwa ezinye izingane zingase zithole kuludlana ukunamathela kwezikhathini ngezinye izikhathi zosuku. Kule nyanga, zamani ukufunda ngokuhlanganyela ngezikhathi ezahlukene zosuku, kanjalo nangesikhathi enisejwayele. Ukwenza isibonelo, ungazama ukufundela izingane zakho uma ufika ekhaya uvela emsebenzini, ngemuva kwesikhathi sokugeza, ngemuva kancane nje kwesidlo sakusihlwa, noma kube yinto yokuqala ngemuva kokuba uvukile ngempelasonto!

IYIPHI INDAWO ENGATWAVELEKILE KAKHULU ONGAYI-CABANGA LAPHO ONGATHOKOZELA KHONA INCWADI?

- ★ Kule nyanga zama ukufundela izingane zakho ezindaweni ezahlukene. Zifundele nisenndleleni ebheke esikoleni nisetekisini noma ebhasini, noma ngenkathi zigeza. Ngempelasonto, lapho kunesikhathi esiningana, hambani ndawonye epaki, ebhishi noma ezintabeni, uthathe izincwadi ezithile kanye nengubo yokulala. Ngesikhathi uzihambela nje, bheka indawo enhle nje yokufunda – emva kwalokho hlala phezu kwengubo, ukhululeke bese ufunda!



The easiest way to encourage others to read, is simply by being a reading role model yourself – when you regularly read for enjoyment, you show others that reading is a worthwhile leisure activity. So, this May don't forget to get caught reading!

Indlela elula kakhulu yokukhuthaza abanye ukuthi bafunde, wukuthi uvele ube yisibonelo esihle sokufunda wena uqobo – uma ujwayele ukufundela ukuzithokozisa, ukhombisa abanye ukuthi ukufunda kuyisenzo esibalulekile sokuchitha izungu. Ngakho-ke, kulo Nhlaba ungakhohlwa ukutholakala ufunda!



Drive your
imagination



IT STARTS WITH
A STORY.
KUQALA
NGENDABA
EXOXWAYO.

Story stars



Bumble Books: Children's books that matter!

In 2014, Bumble Books began publishing children's picture books for early readers with well-written stories and beautiful pictures that are fun and exciting to read. The stories are written by new South African writers and illustrators who are also writers.

Bumble Books also publishes picture books from overseas so that South African parents and children can understand and appreciate that people from different countries are the same even if their languages and cultures are different. By reading about the people, animals and environments of the world, we become more aware of the need to protect our natural heritage wherever we are.

In 2016, Bumble Books won the world-renowned Bologna Prize Children's Publisher of the Year: Africa, and in 2017, was invited to attend the Shanghai Visiting International Publishers Programme Fellowship. In March this year, Bumble Books launched the Bumble Books Literacy Campaign, in which, for each new release book sold, Bumble would donate a copy of the same book to a literacy project, school, hospital or library in need.

There are many picture books for younger (and older!) readers to enjoy. On pages 5, 6, 11 and 12 of this supplement we have included *Catnap*, a Bumble Books' wordless picture story, adapted as a cut-out-and-keep book for your story collection!

For more information about Bumble Books, please contact Robin Stuart-Clark on 021 789 0155 or at robin@bumblebooksonline.com / [facebook.com/bumblebooks](https://www.facebook.com/bumblebooks).



Abavelele ezindabeni



Abakwa-Bumble Books: Izincwadi zezingane ezibalulekile!

Ngowezi-2014, abakwa-Bumble books baqala ukushicilela izincwadi zezingane ezinezithombe zabafundi abasaqala ukufunda nezinezindaba ezibhalwe kahle kanye nezithombe ezihle ezihlekisayo nezijabulisayo ukuzifunda. Lezi zindaba zazibhalwe ngababhali abasha baseNingizimu Afrika kanye nabadwebi bemifanekiso abaphinde babe ngababhali.

Abakwa-Bumble Books babuye bashicilele izincwadi zezithombe eziphuma phesheya kwezilwandle ukuze abazali baseNingizimu Afrika nezingane bakwazi ukuqonda baphinde bancome ukuthi abantu abaphuma emazweni ahlukene bayefana nakuba izilimi namasiko abo kwehlukile. Ngokufunda ngabantu, izilwane kanye nezimo zomhlaba, siqaphela kakhudlwana ngesidingo sokuvikela ifagugu lethu lemvelo nanoma yikuphi lapho sikhona.

Ngowezi-2016, abakwaBumble Books bazuza umklomelo owaziwa umhlaba jikelele owaziwa nge-Bologna Prize Children's Publisher of the Year: Africa, futhi ngowezi-2017, bamenywa ukuthi baye ku-Shanghai Visiting International Publishers Programme Fellowship. NgoNdasawonyaka, abakwa-Bumble Books bethula i-Bumble Books Literacy Campaign, nokuyilapho incwadi ngayinye ethengwayo kwezintsha, abakwa-Bumble bezonikelela ngekhophi yencwadi efanayo ohlelweni lokufunda nokubhala, isikole, isibhedlela noma umtapo wezincwadi oswele.

Kukhona izincwadi zezithombe eziningi zabafundi abasebancane (nabadadlana!) ukuze bazithokozele. Emakhasini 5, 6, 11 nele-12 alesi sithasiselo sifake nendaba ethi *Catnap*, indaba yezithombe engenamagama yakwaBumble Books, elungiselelwe ukuba yincwadi oyisika uyikhiphe bese uyigcina ukuze ingene eqoqweni lakho!

Ukuthola ulwazi olwengeziwe mayelana nabakwaBumble Books, sicela uxhumane noRobin Stuart-Clark kule nombolo: 021 789 0155 noma ku-robin@bumblebooksonline.com / [facebook.com/bumblebooks](https://www.facebook.com/bumblebooks).



EXPLORE

Africa through books!

Get-Caught-Reading Month gives you a wonderful reason to read books on different topics that interest you and your children. What a great way to learn things together!

People all over the world also celebrate **Africa Day** on **25 May**. One important way to celebrate Africa and all the countries on the African continent is to read and tell stories, recite poems and sing songs that have a connection to Africa. Why not make it your goal to read stories, recite poems and sing songs about a different African country every month?



HAMBA EZWENIKAZI lase-Afrika ngezincwadi!

Inyanga Yokutholakala Ufunda ikunikeza isizathu esimangalisayo sokufunda izincwadi ngezihloko ezahlukene ozithakaselayo wena nezingane zakho. Kwaze kwayindlele enhle yokufunda izinto ndawonye!

Abantu emhlabeni wonke baphinde babungaze **USuku Lwase-Afrika** mhla **zingama-25 kuNhlaba**. Enye indlela ebalulekile yokubungaza i-Afrika nawo wonke amazwe asezwenikazi i-Afrika wukufunda kanye nokuxoxa izindaba, ukuhaya izinkondlo kanye nokucula izingoma ezixhumene ne-Afrika. Kungani pho ungakwenzi inhloso yakho ukufunda izindaba, ukuhaya izinkondlo nokucula izingoma ngezwe lase-Afrika elehlukile inyanga nenyanga?

Spread the love and tell us your African stories

Nal'ibali is looking for short, original children's stories in all 11 official SA languages to publish in print and on air. Help us keep spreading the joy of reading far and wide. Send your story today in a Word document to stories@nalibali.org

For story guidelines see www.nalibali.org/story-resources/your-stories



Fafaza uthando ngokusixoxela izindaba zakho ezisuka e-Afrika

UNal'ibali ufuna izindaba ezimfushane, ezintsha ezixoxelwa izingane ngazo zonke izilimi eziyi-11 ezisemthethweni zaseNingizimu Afrika ukuze azishicilele futhi zidlalwe emoyeni. Sisize siqhubeke nokusabalalisa injabulo yokufunda kude naseduze.

Thumela indaba yakho namuhla uyibhale nge-Word document ku-stories@nalibali.org

Ukuze uthole imihlahlandlela yokuxoxwa kwezindaba vakashela ku-www.nalibali.org/story-resources/your-stories



Drive your imagination

Bumble Books must-reads!



Izincwadi zakwaBumble Books okumele zifundwe!

Copycat

By Sadia Ismail

Illustrated by Dale Blankenaar

For 3 to 8 years

Available in English and Afrikaans

Have you ever met an alien from outer space?

Find out what happens when an alien visits Kagiso one night.



I-Copycat

Ibhalwe nguSadia Ismail

Imidwebo nguDale Blankenaar

Ngeyabaneminyaka yobudala emi-3 kuya kweyisi-8

Itholakala ngesiNgisi nangesiBhunu

Ingabe wake wahlangana nomuntu ongamaziyo ophuma emkhathini?

Thola ukuthi kwenzekani ngenkathi umuntu ongaziwa evakashela uKagiso ngobunye ubusuku.



Penguin and Bear


By Deidre Matthee

Illustrated by Maria Lebedeva

For 3 to 8 years

Available in English and Afrikaans

Just because Penguin and Bear don't live in the same place any more doesn't mean they can't still be friends!



I-Penguin and Bear

Ibhalwe nguDeidre Matthee

Imidwebo nguMaria Lebedeva

Ngeyabaneminyaka yobudala emi-3 kuya kweyisi-8

Itholakala ngesiNgisi nangesiBhunu

Ngenxa yokuthi nje uPhengwini noBhele abasahlali endaweni eyodwa akusho ukuthi angeke besaba ngabangani!



The Big Rescue – A Little 5 Tale

Written and illustrated by Janina Pechova

For 3 to 8 years

Available in English and Afrikaans

We all know the animals that make up the Big 5: elephant, leopard, rhinoceros, buffalo and lion. But have you come across the Little 5?

The long-nosed elephant shrew, the spotted leopard tortoise, the sharp-nosed rhinoceros beetle, the brave buffalo-weaver bird and the sharp-toothed ant lion. They are easy to miss in the African bush because they are so small! Can the Little 5 find Puppy before bedtime?



I-The Big Rescue – A Little 5 Tale

Ibhalwe yaphinde yadwetshelwa nguJanina Pechova

Ngeyabaneminyaka yobudala emi-3 kuya kweyisi-8

Itholakala ngesiNgisi nangesiBhunu

Sonke siyazazi izilwane ezenza iZingqungqulu ezi-5: indlovu, ingwe, ubhejane, inyathi kanye nebhubezi. Kodwa usuwake wahlangana neZilwane Ezincane ezi-5?

Ungoso olikhala lide samboko wendlovu, ufudu olumibala yengwe, ibhungane elikhala licije saluphondo lukabhejane, ihloko elisanyathi elinesibindi kanye nentuthwane emazinyo abukhali njengawebhubesi. Kulula ukungaziboni lezi zilwane emahlathini ase-Afrika ngoba zincane kakhulu! Ngabe iZilwane Ezincane ezi-5 zingakwazi ukuthola uMdlwane ngaphambi kwesikhathi sokulala?


Farrah is not a dalmatian

Written and illustrated by Adrie le Roux

For 3 to 8 years

Available in English and Afrikaans

Farrah is a small dog with a big problem. Everyone thinks that she is something that she is not! What happens when no one notices that you are different?



I-Farrah is not a dalmatian

Ibhalwe yaphinde yadwetshelwa ngu-Adrie le Roux

Ngeyabaneminyaka yobudala emi-3 kuya kweyisi-8

Itholakala ngesiNgisi nangesiBhunu

UFarrah yinja encane enenkinga enkulu. Wonke umuntu ucabanga ukuthi uyilokho angesikhona! Kwenzekani uma kungekho oqaphelayo ukuthi wehlukile?


Vumile and the Dragon

Written by Claerwen Howie

Illustrated by Lisa Strachan and Meg Jordi

For ages 6 to 12 years

Available in English



I-Vumile and the Dragon

Ibhalwe nguClaerwen Howie

Imidwebo nguLisa Strachan kanye noMeg Jordi

Ngeyabaneminyaka yobudala eyisi-6 kuya kweyi-12

Itholakala ngesiNgisi

Goggy Bakes Banana Bread


Written and illustrated by John Macfarlane

For 3 to 8 years

Available in English and Afrikaans

It looks like things are about to get messy; but with your help, Goggy's banana bread will be delicious ...

The perfect read for mums, dads and carers to keep hungry tots up to eight years old entertained while learning about colours, shapes, sizes, and quantities – and how to bake a delicious banana bread, too!



Goggy Bakes Banana Bread

Ibhalwe yaphinde yadwetshelwa nguJohn Macfarlane

Ngeyabaneminyaka yobudala emi-3 kuya kweyisi-8

Itholakala ngesiNgisi nangesiBhunu

Kubonakala sengathi izinto sezizokonakala; kodwa ngosizo lwakho, isinkwa sikabhanana sikaGoggy sizoba mnandi ...

Indaba yokufundwa efanele omama, obaba nabanakekeli ukugcina ojahidada abalambile abafika eminyakeni yobudala eyisishiyagalombili bejabulile ngesikhathi befunda ngemibala, izimo, ubukhulu kanye namanani – kanye nokufunda indlela yokubhaka isinkwa esimnandi sikabhanana!



Get creative!

Words make us think! Here are a few quick, fun word games to play with your family and at your reading club.

You will need: paper; scissors; pens or pencils; Prestik (optional)

What to do

1. Prepare for the activity by cutting up paper into small pieces that are about 4 cm x 5 cm. It doesn't matter if the measurements are not exact. If you can use sheets of different coloured paper, that is even better!
2. Give each person between 8 and 10 pieces of paper and a pencil or pen.
3. Now you should all write one word on each piece of paper. As you do this:
 - ★ don't think too hard about what words to write, just write down the words that pop into your head!
 - ★ don't worry about spelling the words correctly – that can always be corrected later, as long as you know what the word says.
 - ★ help younger children by writing the words they tell you.



4. Put all the words in an open area (like on a wall or on the floor) where everyone can see them. Then try out one or more of these ideas.
 - ★ Choose words to combine into unusual pairs. For example: *monster stars* or *fly flowers*.
 - ★ Choose one word, then see how many of the other words you can use with it. For example: *lost flowers*, *lost monster*, *lost stars*, *lost window*, *lost window flowers*, *lost fly*, etc.
 - ★ Choose 10 words and see how many different sentence combinations you can make with them. (You may need to use other words, like *the*, *and*, *a*, *to*, *but*, *on*, to link the words you choose.)
 - ★ Choose words and build poems with them. You'll need to add linking words here too.

Veza ubuciko bakho!

Amagama ayasicabangisa! Nayi imidlalo yamagama embalwa esheshayo, ethokozisayo ongayidlala nomndeni wakho nasethimbeni lakho lokufunda.

Uzodinga: iphepha; isikelo; amapeni noma amaphensela; iphrestiki (ayiphoqelekile)

Okufanele ukwenze


1. Lungiselela umsebenzi ngokusika iphepha libe yiziqephu ezincane ezinesilinganiso esicishe sibe ngu-4 cm x 5 cm. Akunendaba ukuthi izilinganiso azinombi. Uma uzokwazi ukusebenzisa iziqephu zamaphepha emibala eyahlukene, lokho kungaba ngcono nakakhulu!
2. Nikeza umuntu ngamunye phakathi kwezinqephu zephepha eziyi-8 neziyi-10 kanye nepensela noma nepeni.
3. Manje-ke kufanele nonke nibhale igama elilodwa esiqeshini esisodwa sephepha. Ngesikhathi nikwenza lokhu:
 - ★ ningacabangi kakhulu ngamagama enizowabhala, manivele nibhale phansi amagama afika emakhanda enu!
 - ★ ningakhathazeki ngokubhala amagama ngesipelingi esifanele – lokho kungalungiswa ngokuhamba kwesikhathi, inqobo nje uma nazi okuchazwa yigama.
 - ★ siza izingane ezincanyana ngokubhala amagama ezikutshela wona.

4. Beka wonke amagama endaweni evulekile (njengasobondeni noma phansi) lapho wonke umuntu ezokwazi ukuwabona khona. Emva kwalokho zama owodwa noma emibili yale miqondo.
 - ★ Kheitha amagama ozowabhanqa abe ngokubili okungajwayelekile. Ukwenza isibonelo: *inunu izinkanyezi* noma *izimpukane izimbali*.
 - ★ Kheitha igama elilodwa, bese ubona ukuthi yimaphi amanye amagama ongawasebenzisa nalo. Ukwenza isibonelo: *izimbali ezilahlekile*, *inunu elahlekile*, *izinkanyezi ezilahlekile*, *ifasitela elilahlekile*, *izimbali zamafasitela ezilahlekile*, *impukane elahlekile*, njll.
 - ★ Kheitha amagama ayi-10 bese ubona ukuthi ungenza inhlanguanisa yemisho eyahlukene emingaki ngawo. (Ungase udinge ukusebenzisa amanye amagama, njengokuthi *i*, *kanye*, *ku-*, *kodwa*, *futhi*, *phezu* ukuxhumanisa amagama owakhethayo.)
 - ★ Kheitha amagama bese wenza izinkondlo ngawo. Kuzodingeka wengeze namagama axhumanisayo.



Create TWO cut-out-and-keep books

1. Take out pages 5 to 12 of this supplement.
2. The sheet with pages 5, 6, 11 and 12 on it makes up one book. The sheet with pages 7, 8, 9 and 10 on it makes up the other book.
3. Use each of the sheets to make a book. Follow the instructions below to make each book.
 - a) Fold the sheet in half along the black dotted line.
 - b) Fold it in half again along the green dotted line.
 - c) Cut along the red dotted lines.





Zenzele ezakho izincwadi EZIMBILI ozozisika uzikhiphe bese uzigcina

1. Khipha ikhasi lesi-5 ukuya kwele-12 alesi sithasiselo.
2. Iphepha elinamakhasi 5, 6, 11 kanye nele-12 lenza incwadi eyodwa. Iphepha elinamakhasi 7, 8, 9 kanye nele-10 lenza enye incwadi.
3. Sebenzisa iphepha ngalinye ukuze wenze incwadi. Landela imiyalelo engezansi ukuze wenze incwadi ngayinye.
 - a) Songa iphepha libe nguhhafu ngokulandela umugqa wamachashazi amnyama.
 - b) Lisonge libe nguhhafu futhi ulandele umugqa wamachashazi aluhlaza okotshani.
 - c) Sika ulandele umugqa wamachashazi abomvu.



Drive your imagination



It's Sam and Cat's bedtime. All is quiet until suddenly Cat is woken by a strange noise ... What can it be?

There's a Rat playing football with a marble! Quickly the chase is on!

Sam wakes up, and Dad says, "Go to sleep, Sam!"

Now Cat is ready to play!

But Sam wakes up again and shouts for Dad. "Cat keeps playing football, Dad!"

"I think you're dreaming, Sam!" says Dad.

Sleep tight, Sam! Sleep tight, Cat and Rat!



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi





UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi

Robin Stuart-Clark



Drive your imagination





“Please help me find my laugh, Monkey,” said Spotty.

“How did you lose it?” asked Monkey.

“When I laugh, you can see my big teeth. That makes everyone frightened,” said Spotty. “Then I got sad and my laugh just disappeared. I can’t find it anywhere.”

“Ngiyakucela ungisize ngithole uhleko lwami, Nkawu,” kusho uMabhadubhadu.

“Lukulahlakele kanjani?” kubuza uNkawu.

“Uma ngihleka, uyawabona amazinyo ami amakhulu. Lokho kwenza uwonkukwonke athuthumele,” kusho uMabhadubhadu. “Emva kwalokho ngaphatheka kabi kwabe luyanyamalala uhleko lwami njalo. Akukho lapho ngingaluthola khona.”

Uhleko olulahlekile

The lost laugh

Karen Lilje
Michelle Preen
Wilna Combrinck



Lots more free books at bookdash.org


Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark and embed a culture of reading across South Africa. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



UNal'ibali umkhankaso kazwelonke wokufundela ukuzithokozisa wokokhela inhlansi nokuzinzisa isiko lokufunda eNingizimu Afrika yonkana. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your imagination



“Please help me find my laugh,
Hippo,” said Spotty.
“I can’t hear a laugh down here,”
said Hippo.



“Kodwa ubucinga
endaweni engafanele,”
kusho uNkawu egxuma
ephuma esihlahleni magede
ethatha uphapho. Emva kwalokho
wayesegala ekitaza uMabhadubhadu
yonke indawo.

UMabhadubhadu, impisi,
wayephatheke kabi kakhulu.
Wayelahlekelwe wuhleko lwakhe.



“His laugh was inside him all the time.
I just made him happy and out it came,”
explained Monkey.

They all laughed and laughed so that
their teeth showed too.

“I’ll never lose my laugh again,” said
Spotty, the happy hyena.





“But you were looking in the wrong place,” said Monkey as she hopped out of the tree and picked up a feather. Then she began to tickle Spotty all over.



“Ngicela ungisize ngithole uhleko lwami, Mvubu,” kusho uMabhadubhadu. “Angizwa luhleko lapha phansi mina,” kuphendula uMvubu.

“Uhleko lwakhe belulokhu lungaphakathi kuye sonke lesi sikhathi. Ngivele ngamenza wajabula lwabe seluyaphuma njalo,” kuchaza uNkawu.

Zonke izilwane zahleka, zahleka kwaze nakuzo kwavela amazinyo azo.

“Ngeke ngiphinde ngilahlekelwe wuhleko lwami futhi,” kwasho uMabhadubhadu, impisi ethokozile.

Spotty, the hyena, was very sad. He had lost his laugh.





“Please help me find my laugh,
Giraffe,” he asked.
“I can’t hear a laugh up here,”
said Giraffe.





“Ngicela ungisize ngithole uhleko
lwami, Ndlulamithi,” kucela yena.
“Angizwa luhleko lapha phezulu
mina,” kusho uNdlulamithi.




Kancane kancane
uMabhadubhadu waqala
ukumoyizela, emva kwalokho
wahleka kakhulu, uhleko
oluzwakalayo. Wahleka, wahleka
waze wagingqika phansi enhlabathini.
Zonke ezinye izilwane zaqala ukuhleka
nazo. “Ulutholephi uhleko lwakhe?” kubuza
ezinye izilwane.

Slowly Spotty started smiling, and then
he let out a big, loud laugh. He laughed and
laughed until he was rolling around on
the ground.

All the other animals started laughing too.
“Where did you find his laugh?” they asked.





Get story active!

Here are some activities for you to try. They are based on all the stories in this edition of the Nal'ibali Supplement: *Catnap* (pages 5, 6, 11 and 12), *The lost laugh* (pages 7 to 10) and *The girl who accidentally went to space* (page 14).




Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nayi eminye imisebenzi eqondiswe kuwe ukuthi uyizame. Isuselwa kuzo zonke izindaba ezikulolu shicilelo lweSithasiselo sakwaNal'ibali: *Catnap* (amakhasi 5, 6, 11 nele-12), *Uhleko olulahlekile* (amakhasi 7 kuya kwele-10) kanye nethi *Intombazane eyaya emkhathini ngengozi* (ikhasi le-15).

Catnap

- ★ At the start of the story, what did you think would happen with the cat and the rat? Why did you think so?
- ★ How did you feel when the cat and the rat started playing soccer with the marble? Do you think the cat and the rat had fun?
- ★ Pretend that you are the rat. Write a thank you note to the cat. What do you think the rat would say thank you for? Now pretend that you are the cat. What would the cat say in its thank you note to the rat?



Catnap

- ★ Ekuqaleni kwendaba, ubucabanga ukuthi kuzokwenzekani ngekati negundane? Kungani ubucabanga kanjalo?
- ★ Uzizwe kanjani ngesikhathi ikati negundane kuqala ukudlala ibhola likanobhutshuzwayo ngemabuli? Ucabanga ukuthi ikati kanye negundane kwakuthokozile?
- ★ Yenza sengathi uyigundane. Bhalela ikati umyalezo wokubonga. Ucabanga ukuthi igundane lalizothi libongani? Manje yenza sengathi uyikati. Lingathini ikati emyalezweni walo wokubonga igundane?



The lost laugh

- ♥ In this story, Spotty, the hyena, has lost his laugh. How did this happen? Where could it be? And can the other animals help him find it?
 - ▣ Pages 2 and 3: Why do you think the hyena's name is Spotty?
 - ▣ Pages 4 and 5: What part of the giraffe's body do you think this is? Why can't we see the rest of Giraffe's body?
 - ▣ Pages 6 and 7: Where is Hippo? What do you think she is doing?
 - ▣ Pages 14 and 15: How do you think Spotty knows that he will never lose his laugh again?
- ♥ Suggest that your children use paper plates, glue and recycled materials to make hyena masks.



Uhleko olulahlekile

- ♥ Kule ndaba, uMabhadubhadu, impisi, ulahlekelwe wuhleko lwakhe. Ngabe kwenzeka kanjani lokhu? Ngabe lukuphi? Futhi zingakwazi yini ezinye izilwane ukumsiza aluthole?
 - ▣ Ikhasi lesi-2 nelesi-3: Ucabanga ukuthi kungani igama lempisi kunguMabhadubhadu?
 - ▣ Ikhasi lesi-4 nelesi-5: Ucabanga ukuthi iyiphi ingxenye yomzimba wendlulamithi lena? Kungani singawuboni wonke uphelele umzimba wendlulamithi?
 - ▣ Ikhasi lesi-6 nelesi-7: Ukuphi uMvubu? Ucabanga ukuthi ngabe wenzani?
 - ▣ Ikhasi le-14 nele-15: Ucabanga ukuthi uMabhadubhadu waze kanjani ukuthi ngeke aphinde alahlekelwe wuhleko lwakhe?
- ♥ Phakamisa ukuthi izingane zakho zisebenzise amapuleti ephepha, isinamathelisi kanye nezinto esezigaywe kabusha ukwenza izifihlabuso eziyimpisi.

The girl who accidentally went to space

- ✈ Draw a picture of how you think a spaceman would look.



Intombazane eyaya emkhathini ngengozi

- ✈ Dweba isithombe esikhombisa indlela ocabanga ukuthi usomkhathi ubukeka ngayo.

My spaceman / Usomkhathi wami



The girl who accidentally went to space



Written by Jeanine Vermaak ■ Illustrated by Magriet Brink and Leo Daly

Lesedi loved the stars. While other children couldn't wait for it to be morning, she couldn't wait for night-time. She wasn't scared of the dark at all. She loved to go outside before bedtime just to look up at the night sky.

Now, imagine all the stars she saw. Hundreds and hundreds of bright, twinkling stars and the big, round, yellow moon.

"It's almost bedtime, Lesedi!" called the little girl's mother.

"Coming, Mama!" Lesedi called back.

But Lesedi wasn't ready to go inside. She wanted to count the stars. "One, two, three, four ..." Lesedi had counted up to one hundred and thirty-three when she heard her mother call again.

As she turned to go indoors, she noticed a huge, bright light in the sky. It was coming closer and closer. It was a giant spaceship! Lesedi did not take her eyes off it and watched as it landed right there in her front garden.

Lesedi walked over to the spaceship and touched it. It was smooth and shiny and felt warm. A big door on the side suddenly opened and a ramp lowered to the ground.

"Maybe I can just have a quick look inside," thought Lesedi.

Slowly, she walked up the ramp. There were bright lights and red and blue buttons everywhere. But it was the giant orange button just below one of the windows that grabbed her attention.

"I wonder what will happen if I press that?" she said aloud.

BEEP went the button as she pressed it. Then the door slammed closed and there was a loud *BOOM* as the engine started up. Next, she heard a voice over a speaker say, "Spaceship launching in 3, 2, 1..."

Lesedi felt the spaceship move! It shook from left to right; it shook up and down, and then it lifted off with a bang.

"Mama is going to be so cross," thought Lesedi, but she had a big smile on her face. She was finally going to space! Through the spaceship windows, she could see her house getting smaller and smaller as they flew upwards.

She waved and said, "Bye-bye, Mama! I won't be long!"

Up, up, up went the spaceship. It weaved in and around the stars. It looped round and round the planets and soared further and further into space. "Wait until I tell Tshepo and Amina about this at school," she thought.

Lesedi was still looking out of the window when she saw something up ahead. Could it be...? Yes, it was! It was the moon ... and there was a man standing on it. He seemed to be waving at her.

"It's the man on the moon!" shrieked Lesedi with excitement.



The man kept waving until the spaceship landed on the moon with a soft thump. Then he walked over and knocked on Lesedi's window.

"Hello," he said through the glass. "I don't get many visitors. What's your name?"

"I'm Lesedi," she said proudly. "I'm not supposed to be here. This isn't my spaceship. It landed in our garden, so I got in and then it took off!"

"That must be because you are a born explorer," said the man.

"I am. I love space and I especially love stars. In fact, my name, Lesedi, means light," she said.

"That's wonderful! Here's something to take home with you." Lesedi opened the window and held out her hand. The man gave her a small rock. "It's a special moon rock. Now you have something that will help you always to remember your adventure."

"Thank you so much, Man on the moon!"

Even though Lesedi was enjoying her adventure, she was starting to feel a bit tired. "Goodness! Mama is going to be worried about me!" she thought, yawning. She looked around. "Maybe if I press that orange button again, the spaceship will take me back home."

So she pressed it. Immediately, a voice came through the speaker again, saying, "Return journey beginning in 3,2,1..."

"Goodbye, Man on the moon," called Lesedi quickly.

"Goodbye, Lesedi. I hope I see you again," he said, waving to her.

The spaceship lifted off the moon and slowly turned around. Lesedi could see Planet Earth far below. It looked like the blue bouncing ball she and her friends loved to play with. Then she felt the spaceship whoosh down, down, down, until it landed in her garden with a bump. The door opened, and the ramp came down.

"I'm home!" shouted Lesedi.

She ran down the ramp and looked up at the big, round, yellow moon, and thought that she saw a tiny man waving.



When Lesedi's mother came outside looking for her, she found her daughter lying fast asleep on the grass.

"Oh my little girl, you must have been so tired," she said picking her up.

She carried Lesedi inside and tucked her into bed. Then she felt something in Lesedi's hand. It was a round, grey stone.

"Funny little girl," she smiled, kissing Lesedi's forehead.

Then she switched off the light and left the room, not noticing that the round, grey stone was glowing in the dark.



Drive your
imagination

Intombazane eyaya emkhathini ngengozi

Ibhalwe nguJeanine Vermaak ■ Imidwebo nguMagriet Brink noLeo Daly

ULesedi wayezithanda izinkanyezi. Ngesikhathi ezinye izingane zimagange zilinde ukuthi kube sekuseni, yena wayemagange elinde ubusuku. Wayengabesabi nhlobo ubumnyama. Wayekuthanda ukuphumela phandle ngaphambi kwesikhathi sokulala ukuze nje abuke isibhakabhaka ebusuku.

Manje-ke, awuzibone ngeso lengqondo zonke izinkanyezi ayezibona. Amakhulu ngamakhulu ezinkanyezi ezigqamile, ezibenzelazo kanye nenyanga enkulu, eyindilinga, ephuzi.

"Sekusondele isikhathi sokulala, Lesedi!" kumemeza unina wentombazanyana.

"Ngijyeza, Mama!" kuphendula uLesedi.

Kodwa-ke uLesedi wayengakakulungeli ukungena ngaphakathi. Wayefuna ukubala izinkanyezi. "Kunye, kubili, kuthathu, kune..." ULesedi wayesebale wafika ekhulwini namashumi amathathu nantathu ngenkathi ezwa unina esememeza futhi.

Lapho ephendukela ukungena endlini, wabona ukukhanya okukhulu, okugqamile esibhakabhakeni. Kwakulokhu kusondela, kusondela.

Kwakungumkhumbimkhathi omkhulu! ULesedi akawasusanga amehlo akhe kuwo, wawubuka ngesikhathi uhlala laphaya esivandeni sakubo esingaphambili.

ULesedi wahamba eqonde kulo mkhumbimkhathi wafike wawuthinta. Wawushelela, ucwebazela futhi uzwakala ufudumele. Khona manjalo kwavuleka umnyango omkhulu ohlangothini kwaba nomkhwelo owehlela phansi.

"Mhlawumbe ngingabheka ngokushesha nje ngaphakathi," kucabanga uLesedi.

Kancane, wahamba enyuka emkhwelweni. Kwakukhona izibani ezigqamile kanye nezinkobho ezibomvu neziluhlaza okwesibhakabhaka yonke indawo. Kodwa kwakuyinkobho enkulu esawolintshi ngezansi kwelinye lamawindi eyamkhanga kakhulu.

"Kungenzekani ngempela uma ngicindezela laphaya?" kusho yena kuzwakala.

P-I-BH kusho inkobho ngesikhathi eyicindezela. Emva kwalokho isicabha savaleka ngi kwase kuzwakala umsindo omkhulu othi *V-U-U-M* ngesikhathi injini iqala ukuduma. Okulandelayo, wezwa izwi esipikheni lithi, "Umkhumbimkhathi usuyasuka 3, 2, 1..."

ULesedi wezwa umkhumbimkhathi unyakaza! Wawunyakaza uya ngapha nangapha, uya phansi naphezulu, emva kwalokho waphakama ngamandla.

"UMama uzodinwa kabi," kucabanga uLesedi, kodwa wayegcwele ukumoyizela ebusweni bakhe. Ekugcineni wayezoya emkhathini! Ngamawindi omkhumbimkhathi, wayelokhu ebona indlu yakubo iya ngokuncipha, incipha ngesikhathi bendizela phezulu.

Wawayiza evalelisa ethi, "Usale kahle, Mama! Ngeke ngithathe isikhathi eside!"

Umkhumbimkhathi waya phezulu, phezulu, phezulu. Watshuza phakathi naseceleni kwezinkanyezi. Wagwintshiza uzungeza umhlaba waya kude, kude emkhathini. "Akulindwe nje ngize ngixoxele uTshepo no-Amina esikoleni ngalokhu," kucabanga yena.

ULesedi wayesabuka ngaphandle kwewindi ngesikhathi ebona into ethile le phambili. Kungenzeka ukuthi yi...? Yebo, kwakuyiyo! Kwakuyinyanga... kanti kwakukhona indoda eyayimile kuyo. Yayibonakala sengathi imvayizela isandla.

"Yindoda yasenyangeni!" kuklabalasa uLesedi ngenjabulo.



Indoda yayilokhu imvayizela isandla umkhumbimkhathi waze wathi cababa enyangeni. Emva kwalokho indoda yeza isondela yaze yangqongqoza ewindini likaLesedi.

"Sawubona," kusho yona ngale kwengilazi. "Angitholi zivakashi eziningi mina. Ungubani igama lakho?"

"NginguLesedi," kusho yena ngokuziqhenya. "Akufanele ukuba ngibe lapha. Lo mkhumbimkhathi akuwona owami. Uhlale esivandeni sakithi, ngase ngivele ngingena wabe usundiza nami njalo!"

"Mhlawumbe kungenxa yokuthi wazalwa vele ungumahambhlola," kusho indoda.

"Nginguye. Ngiyawuthanda umkhathi futhi ngithanda ngokukhethekileyo izinkanyezi. Eqinisweni, igama lami, uLesedi, lisho ukukhanya," kusho yena.

"Kuyamangalisa lokho! Nakhu ongakuthatha uye nakho ekhaya." ULesedi wavula iwindi wakhipha isandla sakhe. Indoda yamnikeza itshe elincane. "Yitshe elikhethekile lasenyangeni. Manje usunokuthile okuzokusiza ukukukhumbuza uhambo lwakho."

"Ngiyabonga kakhulu, Ndoda yasenyangeni!"

Nakuba uLesedi wayeluthokozela uhambo lwakhe, wayeseqala ukuzizwa enokukhathala okungatheni nokho. "Nkosi yami! UMama uzokhathazeka ngami!" kucabanga yena, ezamula. Wabheka ngapha nangapha. "Mhlawumbe uma ngicindezela leya nkinobho esawolintshi futhi, indiza izongithatha ingibuyisele ekhaya."

Nebala wayicindezela. Khona manjalo, wezwa izwi eliphuma esipikheni futhi, lithi, "Uhambo olubuyela emuva luyaqala, 3, 2, 1..."

"Usale kahle, Ndoda yasenyangeni," kumemeza uLesedi ngokushesha.

"Uhambe kahle, Lesedi. Ngiyethemba ukuthi ngizobuyele ngikubone futhi," kusho yona imvayizela isandla.

Umkhumbimkhathi waphakama enyangeni wase uzungeza kancane. ULesedi wayekwazi ukubona uMhlaba ukude le phansi. Wawubukeka njengebhola eliluhlaza eligqomayo yena nabangani bakhe ababethanda ukudlala ngalo. Emva kwalokho wawuzwa undiza ushwibeka wehla, wehla, wehla, uze uyohlala ngokuthi qithi esivandeni sakubo. Isivalo savuleka, umkhwelo wehlela phansi.

"Sengisekhaya!" kumemeza uLesedi.

Wahlala phansi emkhwelweni wayesebuka phezulu enyangeni enkulu, eyindilinga, ephuzi, wayesecebanga ukuthi ubona indoda encane ivayiza isandla.



Ngesikhathi unina kaLesedi ephumela phandle ezocinga, wathola indodakazi yakhe ilele izunywe wubuthongo otshanini.

"Hawu bandla ntombazanyana yami, kusho ukuthi ukhathele kakhulu," kusho yena emithatha.

Wamqokola uLesedi wangena naye ngaphakathi wayesemfaka engutsheni embhedeni. Emva kwalokho wabe esezwa okuthile esandleni sikaLesedi. Kwakuyitshe eliyindilinga elimpunga.

"Uyintombazane encane ehlekisayo," washo emoyizela, eqabula isiphongo sikaLesedi.

Emva kwalokho wacisha isibani wayesephuma ekamelweni, engasaqaphelanga ukuthi itshe eliyindilinga, elimpunga lalikhanya ebumnyameni.

Nal'ibali fun

Have fun celebrating Mother's Day in May by making a card for your mom or for someone who is like a mother to you.

Follow these instructions.

1. Cut out the card along the red dotted line.
2. Fold the card along the black dotted line.
3. Glue the two parts together.
4. On the side with the picture, write a message to the person you will give the card to. Colour in the picture.
5. On the other side, draw a picture of you and this person together, or write a poem or a longer message.



Okokuzithokozisa kwakwaNal'ibali

Thokoza ngenkathi ubungaza uSuku Lomama ngekaNhlaba ngokwenzela umama wakho ikhadi noma othile ofana nomama kuwe.

Landela le miyalelo.

1. Sika ukhiphe ikhadi ulandela umugqa wamachashazi abomvu.
2. Songa ikhadi ulandela umugqa wamachazi amnyama.
3. Namathisela ndawonye lezi zingxenywe ezimbili.
4. Ohlangothini olunesithombe, bhala umyalezo uwuqondise kumuntu ozomnikeza ikhadi. Faka umbala esithombeni.
5. Ngakolunye uhlangothi, dweba isithombe sakho kanye nalo muntu nindawonye, noma ubhale inkondlo noma umyalezo omudana.



Nal'ibali is here to motivate and support you. Contact us in any of these ways:

UNal'ibali ulapha ukukukhuthaza nokukusekela. Sithinte noma kungeyiphi yalezi zindlela:



www.nalibali.org



www.nalibali.mobi



[nalibaliSA](https://www.facebook.com/nalibaliSA)



[@nalibaliSA](https://twitter.com/nalibaliSA)



[@nalibaliSA](https://www.instagram.com/nalibaliSA)



info@nalibali.org

Produced by The Nal'ibali Trust. Translation by Dumisani Sibiya. Nal'ibali character illustrations by Rico.

RISING SUN

PROTEA

RECORD

EYETHU

Bonus

LENTSWE

RIDGE TIMES



Drive your imagination

